Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMZINYATHI DISTRICT

## IBANGA LESI-9

## ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

## ITHASKHI YESI - 5

## ISIVIVINYO SAPHAKATHI NONYAKA

## NHLANGULANA - 2025

## IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe **IZIQEPHU EZINTATHU**

| | | |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A** | **: Isifundo sokuqondisisa** | **(25)** |
| | **Umbhalo obukwayo** | **(15)** |
| **ISIQEPHU B** | **: Ukufingqa** | **(10)** |
| **ISIQEPHU C** | **: Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi engqikithini** | **(20)** |

2. Fundisisa **YONKE** imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo
3. Phendula **YONKE** imibuzo ekuleli phepha
4. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhaliwe emibuzweni
5. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye
6. Qaphela upelomagama Kanye nokwakheka kwemisho

**AMAMAKI : 70**

**ISIKHATHI : AMAHORA AMA-2**

Leliphepha linamakhasi ayisi-8

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

**1.1** Fundisisa umbhalo olandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**SAPHELA ISIZWE IZIDAKAMIZWA**



Izidakamizwa akuyona inkinga yalapha ezwenikazi lase-Afrika kuphela. Cishe amazwe amaningi omhlaba wonke abhekene nale nkinga. Amazwe ahamba phambili ngokushushumbisa izidakamizwa yilawa iKholombiya kanye neThiyalendi. Ezweni laseKholombiya kuthiwa amaqembu ezigelekeqe azidayisa udede izidakamizwa. UHulumeni wakuleliya lizwe usehluleke wancama ukuqeda izidakamizwa. Kuba sengathi zisemthethweni ngendlela ezidliwa ngayo. Baningi abantu bakuleli lizwe laseNingizimu-Afrika abasematilongweni akula mazwe esesiwabalile ngenhla ngenxa yokushushumbisa izidakamizwa. Abanye sebagwetshwa odilikajele ngenxa yokungafuni ukulalela.

Izidakamizwa ezihamba phambili kakhulu ngokusetshenziswa insangu, utshwala, iwunga kanye nemendireksi. Lo mbulalazwe uthandwa kakhulu intsha, kungakhathaleki ukuthi ihlala kuphi kungaba isemakhaya noma emadolobheni. Sekuzanywe okuningi okubandakanya ukubamba izigcawu zokucobelelana, imihlangano ehlanganisa imiphakathi namaphoyisa, kodwa phinde ukuyinqoba le mpi.

Uma ubuka kumabonakude ezindabeni, ulalela imisakazo noma ufunda amaphephandaba, ngeke ungezwa ngabantu ababanjwe beshushumbisa izidakamizwa. Abanye sebenze izindlu zabo amafemu akha zona izidakamizwa. Lezi zidakamizwa abazakhayo zisuke zingabiza izigidigidi zamarandi. Kungabe lapha eNingizimu-Afrika soyinqoba nje le mpi? Kubukeka kusekude phambili ngoba izidakamizwa zisathe chithi saka. Kubukeka

Downloaded from Stanmorephysics.com

kusazothatha isikhathi esido ukuzinqoba. Ukuthi zisabaliswa obani akuqondakali. Lesu sihlava sesingene ngisho nasezikoleni imbala.

Abadayisi bezidakamizwa bawenza ngempumelelo umshoshaphansi wabo. Okudabukisayo ukuthi basebenzisa kakhulu izingane zesikole. Abafana namantombazane sebeke babanjwa bezidla udede ezikoleni. Labantu abanawo ngisho unembeza ngokusebenzisa izingane zesikole. Izingane azibe zisakhuzeka emagumbini okufundela uma sezike zadla izidakamizwa. Uthisha azimazi nokuthi uyini. Ziphazamisa ukuthula egunjini lokufundela. Zigcina sezesabeka ngoba ziyababhokela nothisha. Abaningi abafundi abasheshe bazinikele kulezi zidakamizwa, angeke besafika ezingeni lobuntombi nobunsizwa. Ngeke bawuphonse umbalane.

Ezinye izikole sezasebenzisana namaphoyisa. Ziyaye ziwabize ukuze azochazela abafundi ngengozi yezidakamizwa kanye nenkinga yokungakwazi ukuphuma kuzona. Bayeluleka kakhulu intsha ngokuthi ingaqalisi ukusebenzisa izidakamizwa. Ayiqaphele isalakutshelwa sibona ngomopho. Abezokuhlunyeleliswa kwezimilo nabo babamba iqhaza elikhulu ekulweni nezidakamizwa. Bayaye bacele intsha esematilongweni eboshelwe ukushushumbisa izidakamizwa kanye nokwenza amacala abucayi njengokubamba imoto yemali njalonjalo. Kuhanjelwe izikole ikakhulukazi lezo okubonakalayo ukuthi ingene kuzo le mpi yezidakamizwa. Lokhu sekuthele izithelo ezinhle, ngoba baningi abafundi asebeke baphumela obala bacela ukusizwa yilezi zikhungo. Kumanje sebeyeke ngokugcwele ukudla izidakamizwa. Sebephila impilo ehlanzekile.

Akulula ukuphuma ezidakamizweni uma sezikungene ngempela. Kuyefana nokuthi uzigcwaba uzwa. Yona le wunga okuthiwa ihlanganisa zonke izinto lezi ezingadliwa okubandakanya idomestosi, umuthi wokobulala amagundwane, amaphilisi esandulela-ngculazi nokunye okuningi, kungangena esiswini somuntu?

Umphakathi nawo kuyadingeka ukuba ufundise intsha ngengozi yezidakamizwa. Phela inkunzi isematholeni. Ikusasa laleli lilufifi uma kuqhubeka kanjena. Akungalindwa amathonsi abanzi. Izikole, abaholi kanye nezinhlangano ezingekho ngaphansi kukaHulumeni kuyadingeka ukuba zibambe iqhaza ekulweni nalesi sihlava esibi sezidakamizwa esihlasele izwe lonke. Abanye bayaye bathi, “Kuyoze kubhubhe umhlaba izidakamizwa zikhona.” Kepha-ke lilonke akulahlwa mbeleko ngakufelwa.

Ukuze nikhule ningangeni ezilingweni zezidakamizwa, lalelani noma imuphi umuntu omdala oninikeza izeluleko ezakhayo. Khumbulani, indlela ibuzwa kwabaphambili. Asilweni nezidakamizwa. Sisonke singayinqoba le mpi.

IMIBUZO Downloaded from Stanmorephysics.com

1.1 Yisho elinye igama elisetshenziswe endabeni elisho ijele. (1)

1.2 Yimaphi amazwe amabili asenkingeni yezidakamizwa abalwe kule ndaba? (2)

1.3 Caphuma amazwi aqukethe isaga esinencazelo yokuthi **intsha eningi ngeke iphile isikhathi eside.** **(2)**

1.4 Caphuma amazwi aqukethe isisho esinencazelo yokuthi **akungaze kuvele inkinga.** (2)

1.5 Ngabe lokhu KUYIQINISO noma AKULONA bese wesekela ngokucaphuna amazwi akufakazelayo endabeni: (2)

**Kulula ukuphuma ezidakamizweni uma sezikungene ngempela.**

1.6 Bala izithako ezintathu ezisetshenzizwa uma kukhandwa i-Wunga. (3)

1.7 Shono ukuthi iyiphi umbhali impi akhuluma ngayo kulomugqa olandelayo:

**Sisonke singayinqoba le mpi.** (2)

1.8 Ngokubona kwakho ngabe kuyisu eliphusile yini ukuthi abadayisi bezidakamizwa basebenzise izingane zesikole ukushushumbisa izidakamizwa? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili. (3)

1.9 Nikeza izidakamizwa ezimbili ezihamba phambili ngokusetshenziswa yintsha. (2)

1.10. Chaza ukuthi lesisaga esithi **inkunzi isematholeni sichaza ukuthini ?** (2)

1.12. Balula imiphumela emibili engemihle edalwa ukusebenziswa kwezidakamiswa ngabafundi ezikoleni. (2)

1.13 Ngokubona kwakho ngabe yini lena eyimbangela yokuthi intsha igcine seyiziphonsa ekusebenziseni izidakamizwa lapha eNingizimu- Afrika? Bala okubili. (2)


**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**1.2** Bukisisa lekhathuni engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

**UKUHLAZIYA IKHATHUNI**




*[Ithathwe ku-inthanethi yabuye yahunyushwa]*

**Imibuzo**

1.2.1. Bangaki abantu abavela kule khathuni? (1)

1.2.2. Nikeza okubili kule khathuni okufakazela ukuthi kusegunjini lokufundela. (2)

1.2.3. Kusho ukuthini ukuthi isifonyo sishibhile? (2)

1.2.4. Ungazichaza kanjani lezi zingane ngendlela eziziphatha ngayo egunjini lokufundela kule khathuni? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.5. Yini inhloso yomdwebi ngale khathuni? (2)

1.2.6. Hlolisisa imbangela yokusuka komsindo kule khathuni. (2)

1.2.7. Phawula ngomuphumela omubi ngokungafaki isifonyo uma usengunjini lokufundela. (2)

1.2.8. Muzwa muni ovezwa ilomama ngokuthwala izandla ekhanda? (2)

**[15]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 40**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA ISIQESHANA

**Imiyalelo:**

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nezindlela zokumelana nezinqginamba/izinkinga empilweni usebenzise amagama akho angedluli kwamagama -70
2. Fingqa **ngesigaba.**
3. Ungabe usasibhala isihloko uma ulesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifinqile.

## UMBHALO C

**IZINDLELA ZOKUMELANA NEZINQGINAMBA/NEZINKINGA EMPILWENI**

Abantu abaningi bakakwe izinkinga eziningi. Esikhathini esiningi bayabuza ezindaweni eziningi ngoba bafuna izixazululo. Nalapho abahamba khona kushiwo lokhu nalokhu. Namhlanje akuselula ukuthola umuntu amukela ukuthi izinkinga zakhe zidalwa yindlela mhlawumbe azaleke ngayo kumbe okwenzeka emndenini wakhe. Impilo idinga wena usukume ukuze izinto sizoshintsha ngendlela ofisa ngayo.

Akasekho namhlanje umuntu ongasaphumi athi uyokuzwa ngempilo yakhe, babodwa abangena ezigodlweni bathi ngicela ungibhekise, uma konke lokhu ukucubungula ugcina ungafiki ndawo ukuthi ukuthi lo muntu ophambi kwakhe uzofunani, udidekile. Akusekho ongasakwenzanga wenzelwa ngabanye abantu abaqonda kangcono izinkinga zakhe. Nguwena okufanele ucabange ukuthi kuyiqiniso kangakanani lokhu otshelwa khona ngabanye abantu. Uma kukhona lapho okonakele khona bheka khona kuqala ngaphambi kokuba uyokhohliswa ngokungekona. Kwesinye isikhathi ukugcwala yonke indawo ngoba ufuna usizo kungayiqeda imali yakho unganakile. Ufanele uhlukanise phakathi kokuzazi ukuthi uqhamukaphi, nokuthi inhloso yakho ngempela iyaphi? Isikhathi esiningi impilo yabantu incike kwabanye abantu.

Qala ngokubheka izinto ezenza ukuba ungaphumeleli empilweni yakho ngokuziloba phansi. Ukuzibhala kubeka wena ethubeni lokuba ziphumelele noma zifezeke. Ingani usuzozethula umthwalo ngokuzicacisa njengoba usuziqophe phansi. Ukuqopha phansi kufana nokubaza uqwembe lomgwaqo bese ubhala igama lendawo olubangise kuyo. Likuchazela ngokucacileyo ibanga lamakhilomitha eliphakathi kweThekwini neGoli. Leli bhodi likukhumbuza okuningi nokuthi yini okufanele uyenze kulolu hambo lwakho lwaseGoli. Niphendula le mibuzo: Kufanele uhambe ngasiphi isivinini? Yikuphi lapho kufanele usehlise khona? Lolu hambo lungamahora amangakhi? Ngabe lomgwaqo uyenyukela noma uyehlela?

Lapho kuqubuka ukulahlekelwa yithemba phindela ezinhlosweni zakho owazibhala phansi. Yizona ezilawula uhambo lwakho lwalonyaka. Uma usuchezuke kakhulu noma usunhlanhlatha, wadlula emzileni omkhulu oyinkombandlela, lezinqumo ozibhale phansi ziyakweqela, zikubuyise, zikukuqoqe. Ngokubhala phansi kabanzi izinhloso zethu siba nenhlanhla yokuziba konke okungasidingi nesingakudingi. Kasiwachitheli ize amandla ethu futhi ukubhala phansi kuyasisiza ekugwemeni ukujulukela izinto ezingenamthelela omuhle ezimpilweni zethu. Baningi abantu uma bevelelwa yizinkinga abahamba bengena ezindaweni eziningi befuna usizo okuyinto enhle. Inkinga iqala ekutheni abantu balambile. Ngokulamba kwabo bangasho izinto ezingeke zakusiza ngoba befuna imali. Bangaki abantu asebephenduke abafundisi? Ngakho hlukana nokuthatha impilo yakho namhlanje nekusasa lakho uyibeke kumuntu ongamazi. Singabantu sihlukile futhi sinamaphupho angefani. Umuntu nomuntu unobizo lwakhe nezinto azithandayo kanye nendlela yakhe yokwenza izinto ezingefani nezomunye umuntu. Omunye umuntu angeke afeze iphupho lakho ngoba naye unelakhe athanda ukuba lifezeke. Kuwumsebenzi wakho ukushintsha nokwenza ukuba iphupho lakho lifezeke.

(Ithathwe kwi-Solezwe yabuye yahunyushwa)

**AMAMAKI ESIQEPHU B:10**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## UMBUZO 3:

Funda lesisigaba sendaba bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi:

> **Izidakamizwa lezi** ziyinkinga uma sezikungenile. Akulula ukuphuma kuzona. Abanye bayagula uma bengazitholanga. Umuntu esezimungenile ubonakala ngombala. Omunye uze angakwazi ukudla engakazisebenzisi izidakamizwa.
>
> Umuntu osebenzisa izidakamizwa ubukeka kabi. Uyaye abe mnyama ebusweni onde emzimbemi. Kuyaye kudingeke aye emtholampilo ukuze elashwe. **Onesi** basebenza umsebenzi omkhulu ekwelulekeni abantu abaguliswa izidakamizwa.
>
> **UNgqongqoshe weZokuhlumelelisa kwezimilo uzohambela indawo yaseMthandeni**. Inhloso yohambo ukuyoqwashisa intsha ngokusetshenziswa kwezidakamizwa. **Thina bandla likaKhrestu sizobiza wonke umuntu ahambele lo mcimbi kaNgqongqoshe. Ishoba lizolala amazolo** entsheni eningi uma singalwi nezidakamizwa.

3.1. Shono ukuthi leligama luwuhlobo luni lwebizo: **izidakamizwa** (1)

3.2 Bhala igama elimqondofana naleli**: onesi** (1)

3.3 Guqula lomusho olandelayo usho ukulandula.

**Umuntu osebenzisa izidakamizwa ubukeka kabi** (2)

3.4 Tomula amazwi aqukethe incazelo yokuchema ngokwenkolo kulesi sigaba sendaba. (2)

3.5 Tomula umusho osenkathini ezofika kulesi sigaba sendaba. (2)

3.6 Nikeza incazelo egudlisayo yalesi saga esitonyulwe kule ndaba engenhla. **Ishoba lizolala amazolo.** (2)

3.7 Kulesi sigaba sendaba esingenhla, tomula isibonelo sesabizwana sokukhomba bese usisebenzisa emshweni wakho ozakhele wona. (2)

3.8 Guqula umusho olandelayo uveze **inkulumo-qho:**

**Onesi basebenza umsebenzi omkhulu ekwelulekeni abantu abaguliswa izidakamizwa**. (2)

3.9 Tomula ibizo kulo musho olandelayo:

**Umuntu osebenzisa izidakamizwa ubukeka kabi.** (1)

3.10 Bhala leli gama elibhalwe ngokugqamile ngesiZulu sangampela:

Ayigqokwa **iyunifomu** namhlanje! (1)

3.11 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo: (1)

**Lafa elihle kakhulu**, lesi simo sokukhuluma sisho ukuthi:

A. Izwe lihle kakhulu

B. Izwe selishintshile

C. Kuyafiwa kakhulu ezweni

D. Izitayela zeyunifomu

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMZINYATHI DISTRICT

**IBANGA LESI-9**

# ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

## UHLA LWEZIMPENDULO

## NHLANGULANA

## 2025

Stanmorephysics.com

## IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe **IZIQEPHU EZINTATHU**

| | | |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A** | **: Isifundo sokuqondisisa** | **(25)** |
| | **Umbhalo obukwayo** | **(15)** |
| **ISIQEPHU B** | **: Ukufingqa** | **(10)** |
| **ISIQEPHU C** | **: Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi engqikithini** | **(20)** |

Stanmorephysics.com

2. Fundisisa **YONKE** imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo
3. Phendula **YONKE** imibuzo ekuleli phepha
4. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhaliwe emibuzweni
5. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye
6. Qaphela upelomagama Kanye nokwakheka kwemisho

**AMAMAKI : 70**

**ISIKHATHI : AMAHORA AMA-2**

Lolu uhla linamakhasi ayisi-5

**ISIFUNDO SOKUQONDISISA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 1

1.1 Esematilongweni/ etilongweni/ itilongwe (1)

1.2 IKholombiya kanye neThiyalendi (2)

1.3 Ngeke bawuphonse umbalane (2)

1.4 Akungalindwa amathonsi abanzi (2)

1.5 Akulona iqiniso. "Akulula ukuphuma ezidakamizweni uma sezikungene ngempela." (2)

1.6 Idomestosi (3)

- Ivimu
- Umuthi wokubulala amagundwane
- Amaphilisi esandulela- ngculazi

(Okuthathu kwalokhu)

1.7 Impi zokusetshenziswa kwezidakamizwa emhlabeni wonke (2)

1.8 Izimpendulo zizokwehluka

Cha akusilo isu eliphusile ngoba lokhu kudala ukuthi izingane zidle izidakamizwa bese ziphazamisa ukufunda nokufundisa ezikoleni/ babulala ikusasa lezigane ngokuzisebenzisa ukuthi zishushumbise izidakamizwa noma

Kuyisu elihle ngoba kuyabasebenzela bona abadayisi bezidakamizwa, phela akekho umuntu ongazitshela ukuthi ingane yesikole esikhwameni sencwadi ifake izidakamizwa/ izingane zesikole ezinakeki kwabomthetho ukuthi zishushumbisa izidakamizwa. (3)

1.9 (2)

- Insangu
- Iwunga
- Utshwala
- Imendireksi

(Okubili kwalokhu)

1.10 Sisho ukuthi umholi wakusasa usentsheni/ ukubantu abasakhula (2)

1.11. Izingane azibe sakhuzeka emagumbini okufundela

Downloaded from Stanmorephysics.com

- Jonisa azimazi nokuthuuyin:
- Ziphazamisa ukuthula egunjini lokufundela
- Zihhongela othisha

(Okubili kwalokhu)

1.12. Ukuhlohlana nabangani (*peer pressure*) (2)

- Ngamalungelo ezingane, asenze ukuthi kube ikampunzi edla emini lapha eningizimu-Afrika
- Zibona kubazali emakhaya.
- Zibona zisetshenziswa ngosaziwayo
- Inkolo, inkolo yoburasta iyayigqugquzela intsha ukuba igcine seyidla izidakamizwa.

(Nokunye okuningi okungabalwa umfundi)

**Umbuzo 2 ukuhlaziya ikhathuni**

2.1 Abantu abavela kulekhathuni bayisi-8 (2)

2.2

- Kume uthisha phambili
- Kunezihlalo nabafundi
- Kunomfundi omemeza uthisha efuna isifonyo (3)

2.3 Kusho ukudelela. (2)

2.4 ziyahlupha, azimhloniphi uthisha, zibukeka zisaba ukutheleleka izifo kukhona obuza isifonyo sakhe (2)

2.5 Ukufundisa izingane mayelana nokhuvethe, nokuthi sihlale sizivikele ezifweni uma kukhona okhwehlelayo (2)

2.6 Umsindo ususwe ukuthi kubenomfundi ovele wakhwehlela, basuka abanye babuza izifonyo zabo kuthisha. (2)

2.7 Ungangenwa izifo uma umnyango ungavuliwe Kanye namawindi. (2)

2.8 Ukhathazekile uma izingane zingasalawuleki, kuphinde kuzoba nomfundi okhwehlelayo kumele imsize. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 3**

**UKUFINGQA**

| Amaphuzu acashuniwe | Amaphuzu ahunyushiwe |
|---|---|
| 1. Impilo idinga wena usukume ukuze izinto sizoshintsha ngendlela ofisa ngayo. | Impilo ifuna wena ume ukuze izinto zizoguquka ngendlela othanda ngayo. |
| 2. Nguwena okufanele ucabange ukuthi yiqiniso kangakanani lokhu otshelwa khona ngabanye abantu. | Nguwena okudinga ukuba ubheke ukuthi yinto yangempela lokho oxoxelwa ngakho ngabanye abantu. |
| 3. Uma kukhona lapho okonakele khona bheke khona kuqala ngaphambi kokuba uyokhohliswa ngokungekhona. | Uma kukhona okungahambi kahle buka ngaphambi kokuluthwa ngamanga. |
| 4. Qala ngokubheka izinto ezenza ukuba ungaphumeleli empilweni yakho ngokuziloba phansi. | Qala ngokubuka izinto ezidala ukuthi izinto zingakuhambeli kahle empilweni yakho. |
| 5. Lapho kuqubuka ukulahlekelwa yithemba phindela ezinhlosweni zakho owazibhala phansi. | Lapho kukhona ungabazana nokuphelelwa yithemba buyela esifisweni zakho owaziloba. |
| 6. Ngakho hlukana nokuthatha impilo yakho yamanje, nekusasa lakho uyibeke kumuntu ongamazi. | Pheza ukuthatha impilo yakho neyangomuso uthembele kumuntu ongamazi. |
| 7. Kuwumsebenzi wakho ukushintsha nokufeza iphupho lakho ukuba lifezeke. | Kuwumsebenzi wakho ukuguqula nophumelelisa izifiso zakho ukuba ziphumelele. |

**UKUFINGQA NGESIGABA**

Impilo ifuna wema ume ukuze izinto zizoguquka ngendlela othanda ngayo. Nguwena okudinga ukuba ubheke ukuthi yinto yangempela lokho oxoxelwa ngakho ngabanye abantu. Uma kukhona okungahambi kahle buka ngaphambi kokuluthwa ngamanga. Qala ngokubuka izinto ezidala ukuthi izinto zingakuhambeli kahle empilweni yakho. Lapho kukhona ungabazana nokuphelelwa yithemba buyela ezifisweni zakho owaziloba. Pheza ukuthatha impilo yakho neyangomuso uthembele kumuntu ongamazi.

Kuwumsebenzi wakho ukuguqula nophumelelisa izifiso zakho ukuba ziphumelele.

Inani lamagama angama-**65**

Downloaded from Stanmorephysics.com **AMAMAKI : 10**

**UMBUZO 4 IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

4.1 Ibizoqoqa (1)

4.2 Abahlengikazi (1)

4.3 Umuntu osebenzisa izidakamizwa ubukeka kahle/ Umuntu osebenzisa izidakamizwa akabukeki kabi. (2)

4.4 Thina bandla likaKhrestu sizobiza wonke umuntu ahambele lo mcimbi kaNgqongqoshe (2)

4.5 UNgqongqoshe weZokuhlumelelisa kwezimilo uzohambela indawo yaseMthandeni (2)

4.6 Intsha izophela uma ingasizwa (2)

4.7 Lo/ lezi ( kuzohluka imisho) (2)

4.8 Thina sisebenza umsebenzi omkhulu ekweluleken abantu abaguliswa izidakamizwa (2)

4.9 Umuntu (1)

4.10 Umfaniswano wesikole (1)

4.11 B/ izwe selishintshile (1)

4.12 YaseMathendeni (1)

4.13 Umsebenzi uya etohweni ( kuzohluka imisho) (2)

[20]

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**